
JW.ORG™
Zithathele le PDF engosini ethi www.jw.org/zu

# Funda Ngendlela Yokusebenzisa IBhayibheli

Umphostoli uPawulu wayengomunye wabashumayeli abangamaKristu ababedume kakhulu. Yini eyamsiza ukuba angesabi futhi ahlanganyele izinkolelo zakhe nabanye?

UPawulu wabhala: "Yenza konke okusemandleni akho ukuba uzinikele wamukeleka kuNkulunkulu, isisebenzi esingenamahloni ngalutho, esiphatha *izwi leqiniso* ngokufanele." (2 Thimothewu 2:15) Njengoba nje uPawulu ayesebenzisa "izwi leqiniso," nawe ungasebenzisa iBhayibheli ukuze uhlanganyele izinkolelo zakho nabanye.

Njengomndeni, hlolani isihloko esithi "Izimpendulo Zemibuzo YeBhayibheli," engosini ethi jw.org/zu. (Bhekani ngaphansi kwesithi IZIMFUNDISO ZEBHAYIBHELI > IZIMPENDULO ZEMIBUZO YEBHAYIBHELI.) Engxenyeni ethi "Umthandazo," khethani umbuzo okunamathuba amaningi okuba niwubuzwe. Fundani impendulo. Xoxani ngokuthi imuphi umBhalo ngamunye wenu angawufunda ekuphenduleni lowo mbuzo. Ngemva kwalokho, xoxani ngezindlela eningaphendula ngazo, ngokubuza lowo mbuzo nishintshana futhi nisebenzise iBhayibheli lapho niwuphendula. Esikhaleni samazwi esingaphezu kwekhanda lengane ngayinye kuleli khasi, bhalani umbuzo eningase niwubuzwe. Kwesinye isikhala samazwi, bhalani incwadi yeBhayibheli, isahluko nevesi lomBhalo eningawusebenzisa ekuphenduleni lowo mbuzo.



▶ **MANJE ZAMANI LOKHU:** Fundani okwengeziwe ngomphostoli uPawulu. Zithatheleni Ikhadi Lomlingiswa WaseBhayibhelini "UPawulu" engosini ethi jw.org/zu. (Bheka ngaphansi kwesithi IZIMFUNDISO ZEBHAYIBHELI > IZINGANE > AMAKHADI ABALINGISWA ABASEBHAYIBHELINI.) Zamani ukuphendula imibuzo ephakanyiswe ekhadini, bese nihlola izimpendulo zenu.

www.jw.org/zu © 2013 Watch Tower Bible and Tract Society of Pennsylvania